



KUVULEKE INDATHANE YAMATHUBA EZOHWEBO NGEMIKHIQIZO YEZIMBUZI EZIMAKETHE ZOMHLABA

INHLANGANO ehweba ngemikhiqizo yezimbuzi KwaZulu-Natali isiphokophelele ukusebenza izimakethe zangaphandle njengoba kunamathuba amaningi avela kule makethe enkulu eMiddle East.

UMnuz Mpendulo Mbatha onguMqondisi weNcso Goat Meat Enterprise futhi abe nguSihlalo weNhlangothi yaBafuyi bezimbuzi iQhakaza, uthe umkhakha wezimbuzi ubukeka unekusasa eliqhakazile kunoma ubani onelukuluku lokungena kuwo.

Uthe muva nje bebekade behabele eTurkey lapho bebeyocobelelana ngolwazi nabani kazi bezimakethe zemikhiqizo yezimbuzi ngenjongo yokuhwebelana nabo.

Ngaphezulu kwalokhu uthe amathuba maningi kakhulu kwezohwebo ngemikhiqizo yezimbuzi ezweni lase-United Arab Emirates lapho imikhiqizo yezimbuzi idla khona ukhasi.

Njengamanje uthe usebenza eThekwini lapho inkampani idayisa khona izimbuzi emphakathini kodwa lapho bezifuye khona kusesiFundeni iZululand eNkonjeni ngasoLundi.

“Izimbuzi esinazo zingaphezulu kuka-350. Thina siqale ukusebenza eminyakeni eyisikhombisa edlule. Ngiqale ngisebenza ngikhapha ephaketheni lami kodwa ngibe sengithola uxhaso olulela eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya okungenze ngakwazi ukuthi ngikhuphule umkhiqizo wami,”



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya uNkk Bongive Sithole-Moloi ubebuka imikhiqizo yenyama yezimbuzi eyenziwa abe Ncso Goat Meat Enterprise. **Isithombe: LUNGILE CHILI**

kusho uMbatha.

Uthe wathola uxhaso lwemali olulinganiselwa esigidini luvela eMnyangweni olusize wakwazi ukuthenga izimbuzi zokudayisa kanye nezokufuya.

Ngenyanga uthe badayisa okungenani izimbuzi ezingu-15 okwamanje kanti basezinhlelweni zokuthola indawo yokusebenzela evulekile ukuze bakwazi ukwandisa umsebenzi wabo.

Njengamanje uthe inkampani yabo iqashe abasebenzi abayisikhombisa. “Umuntu omusha udinga uqeqesho olwanele ngokwe-Animal Health Husbandry ukuze asebenze kahle

kuleli bhizinisi. Okunye okubalulekile ukuthi aphinde athole ukhlonza izimakethe azozisebenza. Uma esazi ukuthi imbuzi ikhuliswa kanjani futhi uyidayisela bani ngeke kuze kwenzeka ukuthi ibhizinisi ligcine selivaliwe,” kuqhuba uMbatha. Uthe umkhiqizo wezimbuzi ungaba neqhaza elikhulu ekuthuthukisweni komnotho wesiFundazwe saKwaZulu-Natali ngoba kuyahamba impela ukudayiswa kwezimbuzi kulesi siFundazwe.

Ukhale ngokuthi njengamanje kusetshenziswa izimbuzi eziphuma kwamanye amazwe okwenza ukuthi amathuba amaningi agcine esenzeka ngaphandle kwesiFundazwe kanti

ngabe kungcono ukuthi izimbuzi zikhqiizwa khona esiFundazweni ngobuningi.

Uthe ukukhiqiza ngaphakathi esiFundazweni kungavula amathuba emisebenzi kuphinde kuvule neminye imikhakha yemikhiqizo yezimbuzi. Ngesikhathi ethula inkulumbo yakhe yesabelozimali soMnyango ngoEphreli nonyaka uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya esiFundazweni, uNkk Bongive Sithole-Moloi, ukhale kakhulu ngokuthengwa kwezimbuzi zangaphandle zizodayiswa esiFundazweni esikhundleni sokuzifuyela.

“Ezimbuzini ezingu-1.7 million ezidayiswa esiFundazweni saKwaZulu-Natali minyaka yonke zingu-600 000 kuphela eziqhamuka kulesi siFundazwe,” kusho uNkk Sithole-Moloi.

Lokhu uMhlonishwa uNkk Sithole-Moloi uthe kuyakhathaza kakhulu kanti kudinga ukufakelwa izibuko.

UMbatha uphethe ngokuthi uhulumeni wesiFundazwe uyawujabulela kakhulu lo msebenzi wezimbuzi ngoba uneminye imikhakha engaqhamuka ngomsebenzi wezimbuzi futhi ubambe iqhaza ekukhiqizweni kokudla esiFundazweni.

“Sifisa ukuthi sizise nabanye abafuyi ngokubacobebelela ngolwazi esesilutholile ngakho siyacela ukuthi uMnyango usisebenzise nathi,” kusho uMbatha.

Kugwazane kwabulalana abafundi esikoleni

Abanye bangesiswe esibhedlela belimele kanzima

Ekhasini 08

Ubulawe yimvubu edoba nesoka



UHLASELWE yimvubu washona uNkz Hlengiwe Kubheka (osesithombeni esincane), okuthiwa ubenesoka lakhe bedoba edanyini eliseNkundusi, eHluhluwe ngeSonto ebusuku. Kuyimanje isoka lakhe kuthiwa kalaziwa ukuthi lashonaphi njengoba latakulwa maqede lakha phansi. **• Bheka udaba ekhasini 04**

Izinhlelo zeJoyous eThekwini 03

Wina ingxenywe yegilosa ka-R30 000

Kugxekwa iPSL ngemidlalo eyindavundavu

EKHASINI 36 PSL



Lesi ngesinye sezakhiwo Okuxhaswe ngaso iLunginhlahlala Poultry project ngabe ADA

UKUHLASELA KOBHUBHANE LWE-COVID-19 KUMVULE AMEHLO UMFUYI WASEMANDENI

UKUHLASELA kobhubhane lwe-Covid-19 akumthenanga amandla umfuyi osathuthuka waseMandeni njengalokhu kwavuleka ithuba lokuthi asebenze umsebenzi wokufuya izinkukhu.

Uthe ukuqhamuka kwe-Covid-19 akubaqedanga amandla bona beyiLunginhlahlala Project njengalokhu bavele bathatha isinqumo sokuqala umkhiqizo

UNksz Silondiwe Nxumalo, oneminyaka engu-29, wayekade engumlimi kamoba esebenzela eMatigulu ngaphambi kokufika kobhubhane lwe-Covid-19 ngo-2020 nalapho abona khona ithuba lokuthi ashitshela emsebenzini wokufuya izinkukhu.

Lo msebenzi uwenza eMacambini ngaphansi kukaMasipala waseMandeni. Uthe njengosomabhizinisi abasafufusa akufanele uma kuhlasela izinselele umuntu avele akhungatheke kodwa kumelwe ahlake phansi acabange ukuthi uzophuma kanjani kuleyo nkinga esuke imkhungethe.

wezinkukhu. “Ngiphosela bonke osomabhizinisi abasafufusa inselelo yokuthi bangazitheli ngabandayo uma kuba khona izinkinga abahlangabezana nazo emsebenzini wabo. Kumelwe bacinge izindlela zokuqhubekela phambili ngezinye izindlela. Kufanele sibe yisixazululo ezinkingeni zethu. Akubona kuphela labo abakhahlanyezwe yi-Covid-19 okufanele bakwazi ukuzisiza kodwa nalabo abathintekile ngenxa yokutapa ezitolo okwenzeke ngoJulayi 2021 kufanele bakwazi ukubona amanye amathuba okuzazulula izinkinga ezibakhungethe,” kusho uNksz Nxumalo.

Uthe bathola uxhaso lokufuya izinkukhu ngaphansi kohlaka loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali i-Agribusiness Development Agency (ADA).

Lolu xhaso luzobasiza ukuthi bakwazi ukukhiqiza amaqanda angu-10 000 ngosuku. Njengamanje bakhiqiza amaqanda angu-3000 ngosuku kanti ngasekupheleni kukaJulayi bazobe sebekhiqiza angu-6000 kanti ekugcineni bazofinyelela ku-10 000 wamaqanda.

Okunye athe inkampani yabo igxile kukho ukufundisa intsha ngemisebenzi yezolimo njengalokhu ethe kusemqoka ukuthi abantu bakwazi ukuncela ulwazi kulabo asebevele belutholile.

Njengamanje uthe basanda kuqeqesha intsha engu-50 eMandeni ngenjongo yokuthi ikwazi ukuzisebenza yona.

Uthe imiphakathi kufanele ifundiswe izindlela zokuziphilisa yona lapho izinze khona inganciki ezitolo zokudla kuphela. “Uyabona le eLimpopo kunesitolo esidayisa amaveji esike savulwa emphakathini wakhona kodwa sabuye savalwa ngoba lokhu ebekudayisa kuvele sekugxilile emphakathini uyakwazi ukuzikhiqizela khona wona. Njengoba siqeqesha imiphakathi ngezolimo sifuna khona lokho ukuthi ikwazi ukuzenzela yona mathupha inganciki ezitolo,” kubeka uNksz Nxumalo.

Njengoba kwenyuka amanani kaphethiloli nodizili futhi kuhlasele ukunqamuka kwamandla kagesi uthe kufanele osomabhizinisi babe nendlela yokuqhamuka nesixazululo salezi zinkinga.



UHLELO LOKUQASHWA KWENTSHA ENEZIQU EMKHAKHENI WEZOLIMO LUTHELA IZITHELO

UNGGONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali uMhlonishwa, uNkk Bongive Sithole-Moloi, wethule uhlelo lokuqashwa kwentsha engasebenzi kodwa eneziqu zezolimo emapulazini ukuze ithole amava. UNgqongqoshe ukwenze lokhu epulazini lamawolitshi iNtathakusa Citrus Farm muva nje lapho ephinde wemukela khona intsha engene ngaphansi kwalolu hlelo. Abafakwe kulolu hlelo bahlala iminyaka emibili epulazini abatshalwe kulo bese uMnyango ubanikeza isibonelelo ukuze bakwazi ukubhekana nezindleko zesikhashana besengaphansi kwalolu hlelo.

Isithombe: LUNGILE CHILI

Vimba ukusabalala kwamatele Thintana noDokotela weziLwane mayelana nokuthuthwa kweMfuyo yakho

TOLL FREE: 0800 000 996

Mrs Bongive Sithole-Moloi
M.C. Agriculture & Rural Development, KwaZulu-Natal

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

#PHEZI KOBHUBHANE
NOD
STRONG SAFE
GROWING TOGETHER

KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development
@KZMARD
@KZMARD YouTube

Uhlelo lweMfuyo Ukuthuthukiswa komnotho wasemakhaya ngezemfuyo

Mrs Bongive Sithole-Moloi
M.C. Agriculture & Rural Development, KwaZulu-Natal

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

#PHEZI KOBHUBHANE
NOD
GROWING TOGETHER

KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development
@KZMARD
@KZMARD YouTube